GC2348 SA Zulu v1 6/18/10 1:25 PM Page 1

# IPHROTHOKHOLI YESADC MAYELANA NOKULINGANA NGOBULILI NEZOKUTHUTHUKA

**YEMUKELWA NGOMHLA ZIYI-17 AGASTI 2008**

GENDER EQUALITY IN SADC — THE TIME IS NOW



*Iphrothokholi ye-SADC mayelana nokulin gana Ngobulili Nezokuthuthuka:*

**IFAKA PHAKATHI**
ukuzibophezela okwenziwe ezintweni zokusebenza zazo zonke izifunda, zasemhlabeni wonke kanye nezasezwenikazi ezimayelana nokuzuza ukulingana ngobulili.

**YENZA NGCONO**
lezi zinto zokusebenza ekubhekaneni nezikhewu kanye nokubeka lokho okuqondiwe okuthile nokulinganisekayo lapho lokhu kungakabibikho khona .

**ITHUTHUKISA**
ukulingana ngobulili ngokuqinisekisa ukuzibophezela kwawo wonke Amazwe Angamalungu e-SADC, kanye nokunikezela ngenkundla yokwabelana ngokusebenza okuhle kakhulu, ukwesekana ewodwa kanye nokubuyekeza.

## Ukubaluleka kwePhrothokholi Yezobulili



Le Phrothokholi ye-SADC emayelana Nezobulili Nokuthuthuka isiyenze ukuba Isivumelwano se-SADC esimayelana Nezobulili Nokuthuthuka sube yinto ebophezela kakhulu yenhlangano yesifunda. Ngalokho okuqondiwe okubalulekile okungama-30 kokuzuza ukulingana kwezobulili ngonyaka we-2015, lolu hlelo lungolokuqala emhlabeni, futhi libeka i-SADC ezingeni eliphezulu mayelana nezindlela ezinobuchule ngokunikezela incezelo ngezibophezelo emhlabeni nasezwenikazi ezingeni elingaphansi kwesifunda.

## Okubanjiswene nabo emiphakathini yohulumeni kulolu hlelo lwePhrothokholi Yezonulili ye-SADC

I-Southern African Gender Protocol Alliance (Alliance), okuyiqoqo lama-NGO ezobulili kuzwelonke nakuzifunda angaphezu kwama-40 selokhu zenza umkhankaso kusukela ngonyaka we-2005 wokwemukelwa, wokuqinisekiswa kanye nokusebenziswa kwePhrothokholi Yezobulili ye-SADC.

Le Nhlangano ngokuhambisana nezindikimba zezixuku, eholwa ngamalungu abuye abe yingxenye ye-*Steering Committee*. Le *Steering Committee* yenziwe yilezi zinhlangano ezilandelayo:

- I-Gender Links – okuyi-NGO ehlanganisayo jikelele; futhi iyi-NGO ehola i-Gender Based Violence Cluster.
- I-Zimbabwe Women Resource Centre and Network – yi-NGO ehola i-Gender and Economic Justice Cluster.
- I-Gender Advocacy Programme – Iyi-NGO ehola i-Gender and Governance Cluster.
- I-Gender and Media Network of Southern Africa – yi-NGO ehola i-Gender and Media Cluster.
- I-SAfAIDS – yi-NGO ehola i-Health, Sexual and Reproductive Rights, and HIV and AIDS cluster
- I-WLSA – yi-NGO ye-Constitutional and Legal Rights Cluster.

Ukuze uthole olunye ulwazi xhumana
Gender Links, Head Office South Africa, 9 Derrick Ave, Cnr Marcia St
Cyrildene 2198, Johannesburg, Republic of South Africa
Ucingo: +27 (0)11 622 2877
Ifekisi: +27(0)11 622 4732
Imeyili: alliance@genderlinks.org.za
www.genderlinks.org.za

[1] The SADC Gender Protocol Alliance comprises: Association of Local Government (ALAN); African Women's Economic Policy Network (AWEPON); Botswana Council of NGOs (BOCONGO); Christian Council of Mozambique; CIVICUS; Federation of African Media Women (FAMW) – SA; GAP; Gender Links (GL); Gender and Media Southern Africa Network (GEMSA); Gender Policy Program Committee (Botswana); Justice and Peace (Lesotho); Malawi Council of Churches; Media Institute of Southern Africa (MISA); NGO Gender Coordination Network Malawi; SAFAIDS; SAMDI; SALGA; Society for Women and AIDS in Africa Zambia (SWAAZ); Trade Collective; Women in Law and Development in Africa (WILDAF); Women in Law in Southern Africa (WLSA); Women, Land and Water Rights Southern Africa (WLWRSA); Namibia Non-Governmental Forum (NANGOF); Women's Net; Young Women's Christian Association Botswana (YWCA); Zimbabwe Women Lawyers Association; Zimbabwe Women's Resource Centre (ZWRCN). Associate Members: African Women and Child Feature Service; Swedish Cooperative Centre - Southern Africa; Diakonia (Zambia).



2348 GEMINI CONCEPTS - 3 083-306-3229

## UKULUNGISELELA OKUSEMQOKA / ININGIZIMU AFRIKA

emayelana nesandulela ngculaza nengculaza kuzo zonke izindaba ezinjengokuvimbela, ukwelulekwa, ukwelashwa ama-OVC , i-PMTCT; luyindlela esebenza ngokuphelele esebenza isikhathi esiyiminyaka emihlanu.
- INingizimu Afrika inohlelo oluzwakalayo lokulawula, ukunakekela kanye nokweseka ingculaza. Lolu hlelo selubhalise abantu abayizi-370,000 ngoSepthemba 2007 ukuba bathole ukwelashwa nge-ARV emkhakheni kahulumeni kanye nabalinganiselwa ku-120,000 ezinkampanini ezizimele. Lokhu kuwuhlelo olukhulu kunawo wonke lokwelashwa kwengculaza emhlabeni wonke.
- Kunebhukwana ohlakeni lwenqubomgomo yoMnyango Wezentuthuko Nenhlalakhle; noma kungabonakali kahle ukuthi lokhu sekusebenze kwagcinaphi. Lokhu kubonakele kumabhukwana ohlaka lwe-HCBS.

ngculaza nengculaza emhlabeni wonke kwabesilisa, kwabesifazane kwabafana kanye namantombazane abathelelekile.
- Babe nezinhlelo eziphendula imisebenzi yabahlinzeki bonakekelo kanye nokweseka inhlalakahle yabo.
- Kumele bakhuthaze abaselisa nabo ekwenzeni imisebenzi yokunakekela.

### ATHIKHILI 28: UKWAKHIWA KOXOLO NOKUXAZULULWA KWEZINXUSHUNXUSHU

- INingizimu Afrika iyiqinisekisile iPhrothokholi kuMqulu We-Afrika omayelana Nabantu Namalungelo Abantu Abesifazane base-Afrika, onikezela ngamalungelo abesifazane ekuthuleni nasekuvikelekeni kwabesifazane empini yezikhali.

Ngonyaka we-2015:
- Kumele ukuba kube sekuthathwe izinyathelo ukuze kuqinisekiswe ukumeleka okulinganayo kwabesifazane kuzinqubo zokuxazululwa kwezinkinga kanye nezokwenziwa koxolo kanye nokudidiyelwa komkhakha wobulili ekuxazululeni izinkinga esifundeni.

### ATHIKHILI 29 - 31: EZEMITHOMBO YEZINDABA, EZOKWAZISA NOKUXHUMANA

- Izindaba eNingizimu Afrika, kuyo yonke imithombo yezindaba, zibhalwa ngokusebenzisa amazwi kanye nohlangothi lwabesilisa. Abesifazane benza kuphela amaphesenti ayi-19 emithombo yezindaba eyaziwayo, uma kuqhathaniswa namaphesenti ayi-17 esifunda.
- I-Gender and Media Baseline Study 2002 sakhombisa ukuthi ngaphandle kokuthi abesifazane bameleke ngezinga eliphansi kodwa abamelekwa ngokuyikho kumithombo yezindaba kuphela kodwa.
- Ukumeleka okufanayo kwabesifazane emisebenzini engabonakali, nokusezingeni eliphansi ekweseleni umyalelo ocindezela ngobulili akuhambisani nomthetho.
- Lokhu kuyashayisana neqiniso futhi ezemithombo yezindaba ngumsebenzi wabo ukumela abesifazane emisebenzi kanye nasezikhundleni ezahlukahlukene.

Ngonyaka we-2015:
- Kuzocaciswa ngobulili kuyo yonke imigomo nemithetho yezokwazisa, yezokuxhumana kanye nezemithombo yezindaba.
- Abesifazane baomeleka ngokulinganayo kuzo zonke izindawo nakuwo wonke amazinga omsebenzi wezemithombo.
- Abesifazane nabesilisa bazonikwa izwi elilinganayo kwezemithombo yezindaba.
- Izinhlelo zabesifazane ezenziwa ngabesifazane nezimayelana nabesifazane zizokwandiswa kuzocelwa nenselele mayelana nezindlela okubonwa ngayo ezobulili kumithombo yezindaba.

### ATHIKHILI 32 - 35: UKUSEBENZA, UKUQAPHA, UKUHLOLA

- INingizimu Afrika, nakuba isayinde iPhrothokholi ye-SADC emayelana Nezobulili Nokuthuthuka, ayikakuqinisekisi lokhu.
- Le phrothokholi izodinga ukwemukelwa yizo zombili izindlu zePhalamende. Lokhu kudinga unqubo yokwethula, kuxoxwe bese kwemukelwa kwesinqumo esisemthethweni kukho kokubili okunguMgwamnda Kazwelonke kanye Nomkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe.
- Inqubomgomo yezobulili kuzwelonke ibeka kafuphi isakhiwo kanye nemisebenzi ye-National Gender Machinery yokuvivisa abesifazane, ngayinye ebekwe ngamasu ezingeni eliphezulu likahulumeni.
- Mayelana nokuqapha nokuhlola, indlu kangqongqoshe esanda kubakhona ubuNgqongqoshe Bezokusebenza, Ukuqapha Nokuhlola kanye Nezokuphathwa eHhovisi likaMongameli inikwe igunya lokuqinisekisa ukuthi ukuqapha nokuhlola okufunekayo nokusebenza ngempumelelo kuzo zonke izinqubomgomo nezinhlelo kanye nebhizinisi kukahulumeni kuyenzeka.
- Ukusebenza kwePhrothokholi kumele kuqashwe Yikomidi lobulili/ongqongqoshe bezindaba zabesifazane, Ikomidi Lezikhulu Eziphezulu okungumsebenzi wazo ukubhekana nezobulili/nezindaba zabesifazane, kanye Nonobhala we-SADC .
- Ukuthuthukiswa kwezinhlelo zokwenza kuzwelonke ezincike kule Phrothokholi.
- Ukuqoqwa kwemininingwane eyisisekelo yokuqapha nokuhlola.
- Le Phrothokholi idinga ukuba Amazwe Angamalungu athumele imibiko ecacile kuNobhala njalo eminyakeni emibili ekhombisa inqubekela phambili ezuziwe ekusebenziseni lokho okudingekayo.

Composite

